



## IRATA SAFETY BULLETIN SB24 UKWEHLA NGEZINTAMBO OKUNGALAWULEKI

Usuku Ekhishwe Ngalo	Novemba 2012
Oyikhiphile	Ikomiti Lezempilo Nezokuphepha le-IRATA
Isimo	Umbiko wangemva kombiko wenkampani eyilungu le-IRATA B Isigameko sikhishwe esazisweni ngumhloli we-UK HSE (Inkampani engelona ilungu le-IRATA)

### A1 Isigameko sase-UK (Inkampani Eyilungu Le-IRATA)

Ngentambama yosuku lokuqala isisebenzi esililungu le-IRATA lesigaba 1 olulimi lwakhe lomdabu lungesona isiNgisi, lesisebenzi lesisebenzi saphunyuka sawa sabe silenga ezintanjeni. Wawa cishe ibanga elingalinganisela ku-10m, Umphumela wokuwa kwaba ukuvaveka kwamathambo enqulu. Lesi sisebenzi sabe sisebenzisa I-Stop descender kanye nedivayisi I-Shunt back-up [intambo yokudonsa isusiwe], kodwa ukuqeqeshweni kwaso kwesigaba 1 okwenzelwa khona e-UK enyangeni eyodwa ngaphambilini kwakufakwe ohlwini ukuthi sasiqeqeshwe kusetshenziswa i-Petzl I'D ne-Singing Rock Locker.

Wahlolwa ngaphambi kokuba ehle ngezintambo, ngumuntu osesigabeni 3, ngaphezulu futhi wehla ngentambo elinganisene nesazi sezobuchwepheshe sesigaba 2 esasikhuluma ulimi olufanayo futhi esabe simbonisa indlela yokubhola nokunye.

### A2 Ukuhlaziya isigameko

2.1 Ukusebenzisa imishini ehluke kunaleyo aqeqeshwe ngayo.

2.2 Ingabe ukusetshenziswa kwe-Shunt ngaphandle kwentambo yokudonsa kwakufanelekile - cishe okungenzeka kakhulu ukuba uyixhakathise (uyibambe) umzimba i-shunt okuyindlela engeyinhle yanoma yikuphi ukusetshenziswa kwe-shunt, njengoba kuboniswe eziyalezweni zabakhi nesitatimende se-Shunt?

2.3 Ulimi oluyinhloko lwe-IP akusona isiNgisi, ngakho kungenzeka yini ukuthi kwabe kukhona ukungaqondi kahle okuthile ngenxa yolimi?

### A3 Izinyathelo Zokulawula

3.1 Ukuhlolwa kwezingozi kanye nesitatimende senqubo ukuze kubhekelelwe izinkinga zolimi. Ukuhlinzeka abasebenzi ngolwazi oluqondakalayo nolufanelekile ngezingozi, izinqubo okudingeka bazilandele nokuqinisekisa ukuthi bayaqonda futhi bangasebenza ngokuphepha.

3.2 Ukuqeqeshwa okwanele / ukujwayelaniswa nezinsimbi / ukuhlola ukuthi banalo yini ikhono lokuyisebenzisa, ikakhulukazi uma zihlukile kuleyo ababeqeqeshwe ngazo esikhathini esidlule.

3.3 Ukuqapha ngeso elibukhali ochwepheshe abasanda kuqeqeshwa kanye nokubakhumbuza ngokuhlola kokusuka phezulu ukuya phansi [mini abseil] ngaphandle kokubamba idivayisi egade umonakalo.

3.4 Ukusetshenziswa kwensimbi yokwehla (descender) kwabayizimfundamakhwela enento evimbela ukuvukwa yitwetwe (anti-panic function) okungukuthi, ukubamba isibambo ngokuqilile kwenza ukuba sihluthuleleke.

3.5 Cabangelani ukuhlanganisa osochwepheshe ababili ndawonye lapho behla khona ndawonye besondelene.

3.6 Ukusebenzisa i-friction karabiner ngezansi kwe-descender ukuze kube khona ukulawuleka okukhudlwana Kuncishiswe inkinga evame ukubakhona ekuqaleni (zibekwa nje).

3.7 Ukusebenzisa 'ifindo lokuvimbela' eliboshwa ekupheleni kwentambo osebenza ulenga kuyo, noma 'i-bottom belay'-nguchwepheshe (technician) osezansi emhlabathini.



## **B1 Isigameko Sase-UK (INKAMPANI ENGELONA ILUNGU LE-IRATA)**

Umhlanzi wa-Windi / wama-Fasitela wesigaba 1 se-IRATA umile ukwehla ngentambo esasalelwe ngu 4 mitha ukuba afinyelele emhlabathi . Ubesuka ebangeni elingu 80 wama-Mitha .Ngenxa yobu-manzi bentambo abesebenza elenga kuyo,,ukusebenza kwe -descent ukubanga ngokujwayelekile , Lokho kuholele ekutheni awe, uwele ngale komncele, walimala umgogodla.ibidlikiza.

Wayesebenzisa i-Stop descender nedivayisi egade umonakalo ye-Shunt.

## **B2 Ukuhlaziya isigameko**

Ukwandiswa kuka-80m entambweni yokuphepha kuphinde kuzokweqa ngo-4m, kungakho isinyathelo sokubhuleka kunoma iyiphi idivayisi egade umonakalo bekungeke kusebenzeke lapho kungasalawuleki.

## **B3 Izinyathelo zokulawula**

3.1 Ukuhlolwa kwengozi nesitatimende senqubo ukuze kuqashelwe ukunwetshwa kwentambo kanye nezinkinga zebanga engxenyeni engezansi yanoma yiziphi izintambo zokwehla, ikakhulukazi ezinde.

3.2 Nciphisani ukwandiswa kwentambo/ ukunwetshwa, isib. Uma kungenzeka ziboshelwe kabusha izintambo zokusebenza nezokuphepha , sebenzisani i-double descender, noma i-descender yesibili njengenye indlela yokulekelela idivayisi egade umonakalo.

3.3 Ukusetshenzisa kwe-descender nge-anti-panic function, okungukuthi, ukubamba isibambo siqine kuzosenza ukuba ( ljame ) sihluthuleleke.

3.4 Sebenzisani i-friction karabiner ngezansi kwe-descender ukuze intambo emanzi ikwazi ukubambeka ngokuqinile.